sifake manje isicelo sokuvula i-akhawunti ye-mr price money24

- Thenga kunoma yisiphi isitolo sakwaMr Price Home noMr Price Sport online noma esitolo. Kodwa ayibaliwe iMr Price, iMr Price Cellular, iSheet Street neMilady's. (uma uqala ukuthenga nge-akhawunti yakwaMr Price Money24 kumele uthenge ngoR1 250. Emva kwalokho kumele uthenge okungenani ngoR400).
- Thenga i-airtime noma idata nge-akhawunti
- Thola elinye ikhadi lesitolo lelungu lomndeni
- Sikugadile ngomshwalense i-Mr Price Insurance
- Sithinte nge-Mr Price Mobile

ukufaka isicelo se-akhawunti, kudingeka ukuthi:

- Ube ngaphezu kweminyaka engu-18
- Ube nomazisi noma i-*passport*
- Uyasebenza
- Unenombolo yeselula esebenzayo
- Yiba nerekhodi elihle lokukhokha izikweletu lesikweletu futhi uvume sikubheke ophikweni lwezikweletu
- Ube nekheli elisebenzayo. Kungenzeka sidinge izitatimende zakho zasebhange zezinyanga eziwu-3 ukuqinisekisa imininingwane

indlela yokufaka isicelo

Gcwalisa yonke imininingwane engemuva kwaleli fomu bese uyithumela nge:

- WhatsApp: 076 379 8395
- I-email: newacc@mrpg.com
- I-fax: (031) 328 4790
- Noma uhambise esitolo esiseduze nawe sakwaMr Price Money24 eNingizimu Afrika

Khumbula ukufaka inombolo kamazisi wakho kuwo wonke amakhasi.

izindleko

- Imali yokuvula i-akhawunti: ukhokha kanye uR40.00
- Izindleko zokunakekela i-akhawunti ngenyanga: ngeke yeqe kuR19.00 ngenyanga*

*Imali yokunakekela i-akhawunti ngenyanga inganyuka ngaphandle kwesaziso. Kunemigomo nemibandela.

eminye imikhiqizo

Uzothola isitatimende sakho nyanga zonke esishoyo imali okufanele uyikhokhe, usuku okufanele ukhokhe ngalo nokuthi ungakhokha kuphi. Ungasibheka noma yinini isitatimende sakho ngenyanga:

- Shayela ku*120*410#
- noma uye ku: mrpricemoney.com

eminye imikhiqizo

I-Mr Price Insurance *(itholakala eNingizimu Afrika kuphela)*

sikugadile

- Sinezinhlobonhlobo zomshuwalense esiyenzele wena kuphela. Njengomnikazi we-akhawunti yase-Mr Price Money24, imali siyibamba kwi-akhawunti yakho ukukwenzela izinto zibe lula.

Thola lonke ulwazi bese ufaka isicelo semikhiqizo yomshwalense ku-newacc@mprg.com namuhla noma shayela ku-0861 000 518 noma nge-i-email ku: newacc@mprg.com

I-Mr Price Mobile *(itholakala eNingizimu Afrika kuphela)*

sithinte

- Khetha kwezinye zezinkontileka zethu ezihamba ne-sim card ezibizwa ngeSIM Top Up ezibiza phakathi kukaR30 noR200 ngenyanga
- Singakufakela i-airtime njalo ngenyanga
- Ithole kalula ngokukhokhiswa kwi-akhawunti yakho ye- Mr Price Money24

Ukuze uthole imininingwane ethe xaxa futhi ubone esinakho iya ku-mrpricemoney.com noma ushayele ku-0800 000 430 noma uthumele i-email ku:help@mrpmobile.com

I-Mr Price Foundation

Lena yinhlangano engenzi nzuzo egxile ekuhlomiseni intsha yaseNingizimu Afrika emiphakathini ethola imali encane, lapho abantu abasha benza ushintsho oluhle kwezenhlalo ngokuba izakhamizi ezikhuthazekile, ezinempilo futhi ezinikwe amandla.

Ukuthola eminye imininingwane vakashela ku-mrpfoundation.org

Uma uthanda ukunikela ngemali encane nyangazonke, ingabanjwa kwi-akhawunti yakho yakwaMr Price Money24 ukukwenzela izinto lula.

sithinte

- Sishayela ku-0861 066 639
- Thumela i-email ku: newacc@mprg.com
- Woza kunoma yisiphi isitolo sakwaMr Price Money24

Ukwamukelwa kwesicelo sakho kuncike ekutheni unawo amandla okukhokha nobufakazi bomholo. Yonke imishwalense ilawulwa ngabakwaGuardrisk Life Limited, abahlinzeki bomshwalense nemali abasemthethweni (FSP No 76) neGuardrisk Insurance Company Limited, umhlinzeki womshwalense nemali osemthethweni (FSP No 75). U-Mr Price Group Limited ungumhlinzeki wemali osemthethweni futhi unegunya lokubolekisa FSP31450 & NCRCP46. Kunemigomo nemibandela.

MARCH_2024

mr price money

faka manje isicelo sakho se-akhawunti yakwamr price money24

ikhadi elilodwa
yonke into kwaMr Price.

Ifomu lokufaka isicelo

Ufisa ukwazi kabanzi
Vakashela i-website yethu ku:
mrpricemoney.com namhlanje

KUZOGCWALISA ABASESITOLO

eMr Price ☐ eMr Price Home ☐ eMr Price Sport ☐

Inombolo yeGatsha ☐☐☐ Uhlobo lwe-akhawunti 24 Izinyanga

Ukuze uthole okuningi kwalokho okuthandayo, sicela ugcwalise imininingwane yakho...

Isihlonipho: ☐☐☐☐ Ama-initial: ☐☐☐☐ Ungowesilisa noma owesifazane: M F

Isibongo: ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐

Igama Lokuqala: ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐

Igama obizwa ngalo/ Udume ngo: ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐

Ubuhlanga: Umnyama ☐ Umhlophe ☐ UyiKhaladi ☐ UyiNdiya ☐ Olunye ☐
(Akuphoqiwe ukuthi ugcwalise).

Ushadile noma awushadile:

Awushadile ☐ Uhlukanisile ☐ Ushadile ☐ Uwumfelwa noma umfelokazi ☐ Isibalo sezingane ozondlayo ☐☐

Okukuchazayo:

Umazisi wase-Ningizimu Afrika ☐ I-passport ☐ Izincwadi Zokushayela zaseNingizimu Afrika ☐ Ungowakwelinye izwe ☐

Inombolo kamazisi noma ye-passport: ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐

Usuku lokuzalwa: Usuku ☐☐ Inyanga ☐☐ Unyaka ☐☐☐☐

Inombolo yocingo lwasekhaya: ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐

Inombolo yeselula: ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐ Ngabe ucingo lwakho olwenkontileka noma yi-prepaid: Uyitoho ☐

Enye iselula: ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐ yi-prepaid ☐

I-email: ☐

Ulimi lwebele: IsiNgisi ☐ IsiBhunu ☐ isiZulu ☐ isiXhosa ☐ isiPedi ☐

Usuke wafaka isicelo sokwehliselwa isikweletu noma usuhlelweni lokukhokha ongaphansi kwalo? Y N

Une-akhawunti e-Miladys noma eSheet Street? Y N

Ikheli leposi

☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐
☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐
☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐
☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐ I-code ☐☐☐☐☐

Ikheli lalapho uhlala khona (Uma kungukuthi lihlukile kuneleposi)

☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐
☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐
☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐
☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐ I-code ☐☐☐☐☐

Unesikhathi esingakanani uhlala khona? ☐

Okabani umuzi:

Ungumnikazi ☐ Uqashile ☐ Uhlala kini ☐ Uhlala kwamqashi? ☐

Une-akhawunti yasebhange? Y N Unesikhathi esingakanani unale akhawunti yasebhange? ☐

Ungathanda ukuzithola kanjani izitatimende zenyanga?

Khetha okukodwa: Nge-email ☐ Nge-SMS ☐

Usebenza kuphi?

Igama lenkampani ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐

Wenza msebenzi muni? ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐

Inombolo yocingo lwasemsebenzini ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐ I-extension ☐☐☐☐

Umnyango noma uphiko? ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐

Inombolo yomsebenzi/yokungena/ yokukhokhelwa ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐

Uyitoho? Y N Liphela nini? M M Y Y Uneminyaka emingaki kulo mqashi? ☐

Inombolo yocingo ohlale utholakala kuyona: Eyasemsebenzini ☐ Eyasekhaya ☐ Eyeselula ☐ Isikhathi esihle sokukushayela U U M M

Umholo wenyanga

Umholo wenyanga kungabanjwa lutho: ☐☐☐☐☐☐

Omunye umholo noma imali oyithola ngenyanga (okungaba ngomunye umsebenzi, oyinikwa oshade naye nenye imali oyithola ngenyanga) ☐☐☐☐☐☐

Izindleko zenyanga

Imali ebanjwayo: (intela, impesheni nomshwalense wezempilo) ☐☐☐☐☐☐

Irenti noma eyomuzi: ☐☐☐☐☐☐

Ezinye izindleko: (ugesi, amanzi, ucingo, ukudla, imali yesikole, eyokugibela, umshwalensenjll) ☐☐☐☐☐☐

Izikweletu: (amakhawunti asezitolo, amakhadi okukweleta asebhange, njll) ☐☐☐☐☐☐

Imininingwane yomuntu wakini

Umyeni: ☐ Unkosikazi: ☐ Umlingani: ☐ Ubaba: ☐ Umama: ☐ Omunye: ☐

UNnu ☐ UNkk ☐ UNksz ☐ UNkz ☐

Amagama: ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐
Isibongo: ☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐☐
Ucingo (Lwasekhaya): ☐☐☐ ☐☐☐ ☐☐☐☐
Lwasemsebenzini: ☐☐☐ ☐☐☐ ☐☐☐☐
Iselula: ☐☐☐ ☐☐☐ ☐☐☐☐

Ungathanda:

- ukukhushulelwa imali ongakweleta ngayo njalo ngonyaka? Y N
- Ukuthunyelwa izipesheli zakwaMr Price? Y N

Isifungo

Ngokusayina lapha ngezansi ngiyavuma ukuthi ngiyitholile, ngayifunda, ngayiqonda futhi ngayamukela imigomo nemibandela yakwaMr Price Group, lapho kufanele khona ngazisiwe ngomshwalense nokuthi imininingwane engiyibhale lapha iyiqiniso futhi iphelele.

- U-Mr Price Money24 ungathatha futhi ungazisa noma ngabe yiluphi uphiko olunohla lwabakweletayo, iSouth African Fraud Prevention Services (iSAFPS) noma yiphi enye inhlangano ulwazi ngokukweleta kwami nendlela engikhokha ngayo.
- U-Mr Price Money ungabika noma yimiphi imininingwane engelona iqiniso engiwunike yona kwiSAFPS noma emaphoyiseni uma kudingeka.
- Uma ngishade umshado ohlanganisa amafa noma ngokwesintu, ngiyitholile imvume kwengishade naye yokwenza lesi sivumelwano.

Kusayina ofaka isicelo

Usuku: D D M M Y Y Y Y

Sayina:

Okwasehhovisi kuphela
Kubhekwe wu…

Igama lomsebenzi:

Inombolo yomsebenzi:

IZINTO EZENGEZIWE

I-Mr Price Foundation

I-Mr Price Foundation yinhlangano engenzi inzuzo egxile ekucijeni intsha yaseNingizimu Afrika yasemiphakathini yabantu abangaholi mali etheni lapho intsha iletha ushintsho ngokugqugquzelwa, ukuba nempilo nokuba yizikhamizi ezithuthukisiwe. Ungathanda ukufaka isandla kule nhlangano ngokuthi kube khona imali onikela ngayo nyanga zonke?

Ayikho ☐ UR5 ☐ UR20 ☐ UR50 ☐ Sayina: _____

Imali onikela ngayo izobanjwa kwi-akhawunti yakho yakwaMr Price Money24 ukukwenzela izinto zibe lula.

I-Mr Price Mobile

Itholakala eNingizimu Afrika kuphela

Ungathanda ukuthintwa ngabeMr Price Mobile? Y N

I-Mr Price Insurance

Itholakala eNingizimu Afrika kuphela

I-Customer Protection Plan (i-CPP)

Ikhokhela imali oyikweleta i-akhawunti yakho yakwa-Mr Price Money24 uma kwenzeka ushona, udilizwa emsebenzini, ugula kakhulu futhi ulaliswe esibhedlela ubusuku obuwu-3 bulandelana

Eyakho – NguR10.50 ngenyanga (wena mnikazi we-akhawunti kuphela) Y N
Eyozwana naye – NguR10.50 ngenyanga (eyakhe yedwa) Y N
Nihlanganisile – NguR14.90 ngenyanga (eyomnikazi we-akhawunti nazwana naye) Y N

Sayina: _____

Ukukuvikela uma kulahleke ikhadi (I-LCP) *Ukhokha uR6.50 ngenyanga*

Ikuvikela uma kwenzeka kusetshenziswa ikhadi lakho lakwaMr Price Money ngokungemthetho uma usubikile ukuthi lilahlekile noma lintshontshiwe. Y N

Sayina: _____

I-360 Degree Protection Plan (i-360) *Ukhokha uR55.00 ngenyanga*

Thola umshwalense kaR10 000 uma kwenzeka ushona, udilizwa, kukhona izifo ezithile ezikuphathayo futhi ulaliswa esibhedlela ubusuku obuthathu bulandelana. Lo mshwalense ungawuthathela ozwana naye nezingane ezingaphansi kweminyaka engu-18 ngemali ethe xaxa. Y N

Sayina: _____

Umasingcwabisane

Uthola umasingcwabisane wakho, owoshade naye nezingane ezine ezingaphansi kweminyaka engu-18.

	Ukhokha	Okukhulu ongakuthola	
Owokuqala	uR47.25 ngenyanga	Umhlomulo omkhulu uR7 500	Y N
Owesibili	uR58.25 ngenyanga	Umhlomulo omkhulu uR10 000	Y N
Owesithathu	uR75.00 ngenyanga	Umhlomulo omkhulu uR15 000	Y N
Owesine	uR85.50 ngenyanga	Umhlomulo omkhulu uR20 000	Y N

Sayina: _____

Yonke imikhiqizo yomshuwalense ibhalwe phansi yi-Guardrisk Life Ltd kanye ne-Guardrisk Insurance Company Ltd. Yonke imishwalense iqinisekiswa yiGuardrisk Life Limited, umhlinzeki womshwalense onelayisensi nomhlinzeki wezimali osemthethweni (FSP No 76) neGuardrisk Insurance Company Limited, umhlinzeki womshwalense onelayisensi nomhlinzeki wemali osemthethweni (FSP No 75). I-Mr Price Group Ltd ingumhlinzeki wemali osemthethweni futhi ogunyaziwe ukubolekisa. FSP31450 & NCRCP46.

Isifungo

Ngokusayina ngenhla ngiyavuma ukuthi ngifundile futhi ngaqonda izinhlobo engingakhetha kuzona, lapho ngikhethe khona “uY” imali yakhona izobanjwa ekhadini lami lasesitolo ukuze kube lula.

Kubhekwe wu-: (okwasehhovisi)

Kusayina omunye:

Usuku: D D M M Y Y Y Y

Igama lomsebenzi:

Inombolo yomsebenzi:

Imigomo nemibandela yokusebenzisa ikhadi le-mr price money24

1. izincazelo

1.1. “UmThetho” isho umThetho wokuHlinzekwa ngesiKweletu 34 owashaywa ngo-2005 nemigomo nokuchitshiyelwa;
1.2. “Isivumelwano”, “isivumelwano sesikweletu”, “igunya” noma “i-akhawunti” isho isivumelwano sesikweletu esiphakathi kwakho nathi nesifaka nemali ozoyikhokha kanjalo imigomo nemibandela yekhadi nemali ongathenga ngayo;
1.3. “Isicelo” noma “ukufaka isicelo” kusho uma ufaka isicelo sokuthenga ngesikweletu kithina;
1.4. “Ikhadi” lisho ikhadi lakho elibizwa nge-Mr Price Money store card esikunika lona ukuze ukwazi ukusebenzisa imali esikuboleka yona uma uthenga impahla yethu;
1.5. Umkweletisi”, “thina”, “okwethu”, “u-Mr Price” kusho inkampani yakwaMr Price ezinze e- Upper Level, eNorth Concourse, ku-65 Masabalala Yengwa Avenue (owawubizwa ngoNMR Avenue), eThekwini, 4001, iyona ekuhlinzeke ngesikweletu njengokubhaliswa kwayo ngokoMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu 34 owashaywa ngo-2005 (“i-NCA”) NCRCP46, nomhlinzeki wemali osemthethweni FSP31450, futhi kufaka i-Mr Price, i-Mr Price Home, i-Mr Price Sport, i-Mr Price Cellular, i-Mr Price Mobile, iSheet Street neMiladys noma wubani omunye esidlulisela kuye la malungelo ethu ngokwalesi sivumelwano;
1.6. “Okweletelwayo”, “Wena”, “okwakho” kusho umuntu igama lakhe elivela kumafomu okufaka isicelo, isitatimende esisikhipha ngaphambi kwesivumelwano nemali ezokhokhwa futhi okunguyena obolekwa imali yi-Mr Price Group ngale migomo nemibandela;
1.7. “I-Debt Collectors Act” isho uMthetho wokuQoqwa kweziKweletu 114 owashaywa ngo-1998.

2. ukufaka isicelo, ukubolekwa nesivumelwano sesikweletu

2.1. Noma yisiphi isicelo sincike ohlelweni lwangaphakathi lokucubungula izicelo, yile migomo nemibandela, noMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu. Ngokwalo Mthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu, sinalo ilungelo lokusichitha isicelo sakho, sokunquma nokunciphisa imali esikuboleka yona futhi sinalo ilungelo lokuhoxisa nokuvala isikweletu esikuboleke sona noma nini.
2.2. Isicelo sakho sizobhekwa kusetshenziswa imininingwane osinikeze yona. Uyavuma ukuthi leyo minininingwane iyiqiniso.
2.3. Uma siphumelela isicelo sakho sizokuthumelela isitatimende esingaphambi kwesivumelwano futhi sikukhombise ukuthi uzokhokha malini nokuzosho imali ozobolekwa yona, izindleko nemininingwane yesikweletu njengokusho koMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu.
2.4. Uma usuyamukelile le mali esithi uzoyikhokha, imigomo nesitatimende esingaphambi kwesivumelwano nale mali izoba yingxenye yesivumelwano esiphakathi kwethu nawe.
2.5. Mhla uqala ukuthenga ngesikweletu sakho, uyoklwebha ikhadi lakho, usayine i-invoice, lokhu kuzohambisana nokusayina kwakho nokwamukela kwakho le migomo nemibandela emisha.
2.6. Uyacelwa usazise uma kukhona ushintsho esimweni sakho semali, umholo wakho noma ekusikhokheleni ukuze sibuyekeze ukuthi malini ongakwazi ukuyikhokha njengokusho koMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu.

3. ikhadi lakho le-akhawunti ikhadi le-akhawunti yakho

3.1. Uzonikezwa i-akhawunti yakwa- Mr Price Money24 okufanele uyisayine usebenzisa ipeni.
3.2. Nguwena kuphela ovumeleke ukulisebenzisa futhi awukwazi ukulidlulisela komunye umuntu noma ugunyaze omunye umuntu ukuthi alisebenzise.
3.3. Uma kungukuthi ucelele nabanye amakhadi esikweletini sakho, nguwena oqondene nokuthengwa kwempahla kusetshenziswa wona. Elinye ikhadi esizolikhipha elihambisana nalesi sikweletu nalo kumele lisayinwe ngokushesha yilowo muntu omkhethe ukuthi alisebenzise. Nguwena noma umuntu omkhethile kuphela abangasebenzisa lelo khadi.
3.4. Ubunikazi bekhadi noma amakhadi buqondene nawe futhi kumele uwabuyise uma siwafuna.
3.5. Ungalisebenzisa ikhadi ukuthenga ezitolo zase-Mr Price Money24 ngesikweletu esikunike sona. Awukwazi ukuthenga ngaphandle uma uveza ikhadi.
3.6. Nguwena oqondene nokuligcina kahle leli khadi. Uma ikhadi lakho noma (leli elisetshenziswe ngomunye umuntu) lintshontshwa kumele usibikele masinyane ngokusifonela ku: 08610 66639. Uma uhluleka ukusazisa ukuthi ikhadi lakho lintshontshiwe nguwena okuzofanele ukhokhele ukusetshenziswa kwalo kuze kube uyasazisa ukuthi ikhadi noma amakhadi alahlekile noma antshontshiwe.
3.7. Omunye omthathela ikhadi kumele abe ngaphezu kweminyaka engu-18.

4. imali esikuboleka yona

4.1. Imali oyikweletayo ayikwazi ukuba ngaphezu kwesikuboleke yona nokuyisikweletu okusuke kuvunyelwene ngaso uma sisuke sikwazisa ukuthi uzokhokha malini singakabi bikho isivumelwano.
4.2. Uma ufisa ukuthi njalo ngonyaka imali esikuboleka yona siyinyuse, kumele usho ngenkathi ugcwalisa ifomu lokufaka isicelo noma ngokuhamba kwesikhathi uma ufisa sikukhuphulele. Uma ukhetha ukuthi sikukhuphulele sizoqhubeka sibuyekeze futhi kungenzeka siyikhuphule imali esikukweletela yona njengokusho koMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu.
4.3. Uma kwenzeka ufisa ukwenyuselwa umkhawulo wesikweletu wesikhashana, kuzofanele usazise ngalokhu ukuze sizokwazi ukukuqopha lokhu. Uma sivuma, umkhawulo wesikweletu uzokhushulwa okwesikhashana isikhathi esilinganiselwe futhi ngaso sonke isikhathi ngokuqonda kwethu. Ngemuva kokukhokha leyo mali ekhuphukile, umkhawulo wakho wesikweletu uzokwehliselwa kulokho owawuyikho ngaphambi kokukhushulwa Uma ufisa ukukhushulelwa imali esikuboleka yona okwesikhashana, kuzomele usazise ukuze sizokubhala phansi lokhu. Uma sivuma, imali esikuboleka yona sizoyikhuphula isikhashana ngokubona kwethu. Uma usuyikhokhile leyo mali ebiyengeziwe, imali esikuboleka yona izokwehliswa ibuyele kwebiyikona ngaphambi kokunyuswa.
4.4. Uma kwenzeka noma ngasiphi isikhathi ufisa ukuthi umkhawulo wakho wesikweletu wenyuswe ngaphandle kwalokhu okungenhla, kufanele usicele ukuthi senze njalo. Sizobe bese senza ukuhlolwa okudingekayo kokukwazi ukuthenga.
4.5. Ungasazisa noma nini ukuthi sinciphise imali esikuboleke yona noma sinqume imali ongeke weqe kuyona. Sinelungelo lokunciphisa, sishintshe noma sivale imali esikuboleke yona.

5. izitatimende nemali okufanele uyikhokhe nyanga zonke

5.1. Sizokuthumelela isitatimende sanyanga zonke nge-email noma ngeSMS ngokukhetha kwakho. Isitatimende sizokukhombisa ezinye zalezi zinto ngokusho kwesigatshana 35 soMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu:
5.1.1. yonke imali oyikweletayo ngokwelanga isistatimende esenziwa ngalo
5.1.2. izimpahla ozithengile ngaleyo nyanga;
5.1.3. izindleko zokuboleka okufanele uzikhokhele nyanga zonke;
5.1.4. inzalo okufanele uyikhokhe ngonyaka;
5.1.5. inani lenzalo ekhokhiswayo ngenyanga;
5.1.6. inani eliphansi okufanele ulikhokhe ngosuku olubekiwe imali encane okufanele uyikhokhe nosuku okufanele uyikhokhe ngalo.
5.2. Ukungasitholi kwakho isitatimende akusho ukuthi akufanele ukhokhe njengoba ungakwazi ukuthola ulwazi nge-akhawunti yakho nemali oyikweletayo ngokusishayela ku-08610 66639 ngezikhathi zokusebenza.
5.3. Kumele okungenani sithole imali okuvela ukuthi kumele uyikhokhe ngokusho kwesitatimende sakho noma uR30 kuye nokuthi iyiphi imali enkulu ngosuku okufanele ukhokhe ngalo noma ngaphambi kwalo njengokusho kwesitatimende.
5.4. Ungakhokha kusengaphambili noma iliphi inani osikweleta lona nganoma yisiphi isikhathi.
5.5. Izitatimende zithathwa ngokuthi kuyikho ngaphandle uma kuba khona imibuzo esiyitholayo zingakapheli izinsuku ezingu-60.

6. inzalo

6.1. Inzalo efakwa esikweletini sakho yinzalo ehambisana nesasikutshele kona ukuthi uzokukhokha esitatimendeni esandulela isivumelwano nokuyiyona enkulu evunywa nguMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu. Inzalo enkulu evunyiwe ngokoMthetho wokuHlinzeka kwesiKweletu ihambisana nemalimboleko enqunywa yiBhange loMbuso futhi incike endleleni enqunywa nguMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu. Uma imalimboleko inyuka noma yehla noma indlela enqunywa nguMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu ishintsha, inzalo okufanele uyikhokhe izonyuka noma yehle. Uzokwaziswa ngoshintsho ngokubhalelwa esitatimendeni sakho.
6.2. Inzalo izobalwa zonke izinsuku futhi izokhula phezu kwenye nyanga zonke ngelanga okufanele ukhokhe ngalo, ikhula phezu kwayo yonke imali oyikweletayo kuze kufike ilanga lokukhokha. Leyo nzalo yengezwa emalini oyikweletayo.

7. izindleko ze-akhawunti

7.1. NgokoMthetho olawula iziNkantolo zeMantshi 32 owashaywa ngo-1944 (“iMCA”) uyavuma ukuthi singakuthathela izinyathelo zomthetho ezihambisana nalesi sivumelwano noma i-akhawunti yakho eNkantolo yeMantshi, okungaba noma iyiphi iNkantolo yeMantshi, okuwukuthi ngokwesigaba 28 seMCA inegunya lokusebenza kuleyo ndawo. Nokho-ke singakhetha ukukuthathela izinyathelo kunanoma ngabe iyiphi enye inkantolo enegunya.
7.2. Kungenzeka sikukhokhise imali yokuvula i-akhawunti nesiyoyisho esitatimendeni esandulela isivumelwano nalapho sisho khona imali ongalindela ukuyikhokha. Uma sikukhokhisa le mali, kuyofanele uqale uyikhokhe ngaphambi kokuqhubeka. Uma ukhetha ukungaqali uyikhokhe, izokwengezwa emalini oyikweletayo.

8. umshuwalense

8.1. Ungazikhethela ukuthi uyawuthatha noma cha umshwalwense okuvikelayo uma kulahleke ikhadi lakho (iLCP), okuvikelayo njengekhasimende (iCPP), okukhokhela imali uma kwenzeka ushona, udilizwa noma ugula (i360), umasingcwabisane womndeni, i-A2B noma iMedinet Protection Plan oyithola kithina.
8.2. Ungazithathela owakho umshwalense wokuvikela isikweletu sakho.
8.3. Uma ukhetha ukwamukela iLCP, iCPP, i360, umasingcwabisane, i-A2B noma iMedinet Protection Plan etholakala kithina, uyaziswa ukuthi kukhona ikhomishini esiyithola yo enkampanini yomshwalense ngalo mshwalense, imininingwane yayo esiyidalulayo encwadini yakho yomshwalense.
8.4. Uma ukhetha ukwamukela iLCP, iCPP, i360, umasingcwabisane, i-A2B noma iMedinet Protection Plan etholakala kithina, uyaziswa ukuthi kukhona ikhomishini esiyithola yo enkampanini yomshwalense ngalo mshwalense, imininingwane yayo esiyidalulayo encwadini yakho yomshwalense:
8.4.1. **I-LCP** – ikuvikela uma kwenzekile kwakhona osebenzisa ikhadi lakho leMr Price Money24 ngokungemthetho uma usubikile ukuthi ikhadi lilahlekile noma lintshontshiwe
8.4.2. **I-CPP** – ivikela isikweletu osuke usanaso kwi-akhawunti yakho ye-Mr Price Money24 uma kwenzeka ushona, udilizwa, ugula kakhulu futhi ulaliswa esibhedlela ubusuku obuwu-3 bulandelana.
8.4.3. **I-360*** – Thola isivikelo sika-R10 000 uma kwenzeka udlula emhlabeni, udilizwa, unezifo ezithile ezibucayi futhi noma ulaliswa esibhedlela ubusuku obulandelanayo obuthathu.
8.4.4. **I-A2B*** – ikhokha uR50 000 uma ushona engozini yemoto noR75 000 uma ulimala engozini yemoto (noma ingxenye ethile) uma kunguwena obushayela noma ungumgibeli emotweni yakho noma kwenye imoto.
8.4.5. **I-Medinet Protection Plan*** – ikhokha uR30 000 ngezinye zezifo ezibucayi, uR3 000 wokulala esibhedlela uma kwenzeka ulaliswa ubusuku obuwu-3 bulandelana noR5 000 wokukusiza wengeze emholweni wakho izinyanga eziwu-3.
*Akuwona umshwalense wezempilo lona. Ukukhokhela ukuthi ubhekane nezinye izindleko okungezona ezokugula ngenxa yokuthi ubulaliswe esibhedlela.
*Ungawuthathela ozwana naye nezingane ezingaphansi kweminyaka engu-18 kodwa ukhokha imali ethe xaxa.
8.4.6. **I-Family Funeral Plan** – wumasingcwabisane okusiza ukukhokhela izindleko zomngcwabo wakho nomndeni wakho. Ungathola umasingcwabisane ongafinyelela kuR20 000 wakho noshade naye kanjalo nongafinyelela kuR7 500 wezingane ezingeqile kweziwu-4 ezingaphansi kweminyaka engu-18.

Ukuvunywa kwe-Akhawunti kuncike ekubhekweni kwamandla akho nokuqinisekiswa kobufakazi nobufakazi bomholo wakho. Yonke imishwalense iqinisekiswe yiGuardrisk Life Limited, abahlinzeki bomshwalense abanelayisensi futhi abahlinzeki bemali abasemthethweni (FSP No 76) neGuardrisk Insurance Company Limited, abahlinzeki bomshwalense ongaqondene nempilo abanelayisensi nabahlinzeki bemali abasemthethweni (FSP No 75). Inkampani yakwa-Mr Price ingumhlinzeki wemali nowesikweletu osemthethweni FSP31450 & NCRCP46 & NCRCP46. Kunemigomo nemibandela. Ukufunda kabanzi ngale mishwalense ungangena kwi-website yethu i- mrpricemoney.com noma ushayele u: 0861 000 518.

Ukubuka le mikhiqizo ngokuningiliziwe, iya kuwebhusayithi yethu newacc@mprg.com noma usishayele ku-0861 000 518.

I-Mr Price Money24 iyingxenye kaMr Price Group Limited, eyi-Financial Services ne-Credit Provider egunyaziwe. I-FSP31450 ne-NCRCP46. Yonke imikhiqizo yomshuwalense ebhalwe i-Guardrisk Life Ltd ne-Guardrisk Insurance Company Ltd. Imigomo Nemibandlela iyasebenza.

9. ukuphula nokuqeda isivumelwano

9.1. Siyokubhalela sikwazise uma ungakhokhanga futhi siyophakamisa ukuthi udlulisele isikweletu kumeluleki wezikweletu, omunye umxazululi, inkantolo yabathengi noma umahluleli bangenelele ukuxazulula umbango ngokwesivumelwano noma kwenziwe uhlelo lokuthi ukhokhe.

9.2. Uma sekuphele cishe izinsuku ezingu-20 ungakhokhi futhi sekuphele okungenani ezingu-10 kusukela sakuthumelela incwadi kodwa wangaphendula noma usiphendula ngokuchitha iziphakamiso zethu, siyonqamula isivumelwano bese siya enkantolo ukuze sithole incwadi ezokuphoqa ukuthi ugcine isivumelwano. Lezi zinsuku ezingu-20 nezingu-10 zingahambisana.

10. izindleko zomthetho nezinye izindleko

Uma i-akhawunti yakho ingakhokhelwa:

10.1. imininigwane ngokungakhokhi kwakho iyodluliselwa kwi-credit bureau njengokusho koMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu futhi lokhu kungakuphazamisa uma ufisa ukuthola esinye isikweletu; futhi

10.2. singakuvalela imali esikuboleke yona bese sikunika izinsuku ezingu-10 zokukwazisa ngaphambi kokuvala i-akhawunti yakho. Uma siyivala i-akhawunti yakho, kuyodingeka uyikhokhe yonke imali oyikweletayo; futhiyakho. Uma sivala i-akhawunti yakho, kuzodingeka ukuthi ukhokhe i-akhawunti ngokugcwele; futhi

10.3. sinelungelo lokukukhokhisa inzalo ezobe ihambisana nesakusho esitatimendeni esandulela isivumelwano kanjalo nezindleko zokuthi awukhokhile uma kwenzeka uhluleka ukukhokha noma uphula lesi sivumelwano noma ngabe yiziphi ezinye izindleko esingena kuzona zokulandela isikweletu ngoba senzela ukuthi wena ugcine isivumelwano. Lezi zindleko ngeke zeqe kokunqunywe nguMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu.

10.4. i-akhawunti yakho ingadluliselwa enkampanini eqoqa izikweletu ukuze kutholakale imali oyikweletayo futhi kukhona izindleko ozozikhokha ngalokho ezingeke zeqe kulezo ezinqunywe nguMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu kanjalo noMthetho wokuQoqa isiKweletu uma kufanele usetshenziswe; futhi

10.5. uma kufanele sikuthathele izinyathelo zomthetho (sikuthumelele amasamanisi), nguwe ozokhokhela zonke izindleko zomthetho, ezokuqoqa isikweletu ngisho nezokukufuna.

10.6. Lezi zindleko zizobanjwa kwi-akhawunti yakho nezinye izindleko ngokusho koMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu.

10.7. Kungakhishwa nesinqumo senkantolo esikulahla ngecala.

11. isitifiketi sokukweleta

Isitifiketi esisayinwe noma ngabe iyiphi imenenja yethu (okungadingi silethe ubufakazi bokuqokwa namandla ayo) lapho kushiwo khona imali osikweleta yona nenzalo yakhona kuyoba ngubufakazi obanele bokusikweleta kwakho kunoma ngabe yiziphi izinyathelo zomthetho esizithathayo futhi kuyothathwa njengobufakazi obanele kuze kube wena uletha ubufakazi bokuthi le mali nenzalo eshiwo ayilona iqiniso.

12. ukuyeka

Uma kwenzeka singasebenzisi noma singaphuthumi ukusebenzisa amalungelo ethu ngokwalesi sivumelwano, kuyobe kungasho ukuthi siyekile, siphonse ithawula noma asizukukukhokhisa.

13. imvume ngendawo esingathatha kuyo izinyathelo zomthetho

Ngokwesigaba 45 sokoMthetho olawula iziNkantolo zeMantshi 32 owashaywa ngo-1944 (“iMCA”) uyavuma ukuthi singakuthathela izinyathelo zomthetho ezihambisana nalesi sivumelwano noma i-akhawunti yakho eNkantolo yeMantshi, okungaba noma iyiphi iNkantolo yeMantshi, okuwukuthi ngokwesigaba 28 seMCA inegunya lokusebenza kuleyo ndawo. Nokho-ke singakhetha ukukuthathela izinyathelo kunanoma ngabe iyiphi enye inkantolo enegunya.

14. amakheli

Ikheli lasekhaya osinike lona ngesikhathi ugcwalisa ifomu lokufaka isicelo sokuvula i-akhawunti yilona kheli olikhethayo lapho sizokuthumelela khona incwadi uma sikuthathela izinyathelo zomthetho noma ngabe yini enye esikuthumelela yona ngokwendlela okhethe ngayo efomini lokufaka isicelo. Ikheli ongaposelwa kulona (okungaba yilapho uhlala khona, oposelwa kulo noma i-email) yilona elizosetshenziswa ukukuthumelela izitatimende, esikwazisa khona noma ngabe iyiphi enye incwadi. Kumele usazise uma uthuthela kwelinye ikheli noma ushintsha ikheli.

15. imininingwane yokukweleta komthengi neye-credit bureau

15.1. Uyavuma ukuthi:

15.1.1. singabuza ukuqinisekisa ulwazi osinike lona ngesikhathi ufaka isicelo noma ngabe nini ngesikhathi sisenesivumelwano;

15.1.2. singathumela kwi-credit bureau noma ngabe ubani omunye (onesivumelwano esithinta imali naye nanoma ngabe yinini) noma ngabe yikuphi osinike khona ngawe noma ngesicelo sakho, ukuvulwa nokuvalwa kwesivumelwano noma i-akhawunti yakho;

15.1.3. sibheke, siqinisekise futhi sithole ulwazi kubantu ababalwe ngenhla uma sicubungula isicelo sakho nokuthi ufanele yini ukunikwa isikweletu, futhi noma ngabe nini ngesikhathi isavuliwe i-akhawunti yakho;

15.1.4. singanikeza, sidalule futhi sibhalise ukuba khona kwalesi sivumelwano nanoma ngabe yiluphi ulwazi ngawe nemininingwane yakho kubantu esikhuluma ngabo ku-15.1.2, sibatshela okuhle nokubi ngawe noma nge-akhawunti yakho okufaka nokungasigcini lesi sivumelwano.

15.2. uyavuma futhi uyaqonda ukuthi i-credit bureau izosihlinzeka ngolwazi mayelana nendlela ophatha ngayo izikweletu zakho kanjalo namaphuzu owatholayo akhombisa ukuthi ufanelwe yini ukunikezwa isikweletu noma cha.

15.3. Sinelungelo lokuthola nokudalula lolu lwazi:

15.3.1. uma sicabanga ukuthi kufanele futhi kuzokusiza;

15.3.2. lapho umthetho usiphoqa khona ukwenze njalo;

15.3.3. lapho kuzosiza thina khona noma umphakathi ngokudalula.

15.4. Uyavuma ukuthi imininingwane yakho esiyinikezwe nguwe, ingasetshenziswa inoma isiphi isigaba se-Mr Price Group, okufaka i-Mr Price Mobile iyisebenzisele ukumaketha nokunye okuhlobene nalokhu. Uma ungafuni sisebenzise imininingwane yakho kulokhu kumelo usazise ngokusibhalela i-email ku- service@mrpg.com

15.5. Awunalungelo lokusithathela izinyathelo noma ufune ukukhokhelwa yithina ngokusinikeza le miningwane ngokwalesi sivumelwano.

15.6. Unelungelo lokuthi i-credit bureau uthi ayikuvezele amarekhodi okukweleta kwakho, uphikisane nakho futhi ulungise lapho kubhalwe khona okungesikho. Ama-credit bureau asetshenziswa yithina:

15.6.1. i-XDS: ucingo: 011 645 9100;

15.6.2. i-TransUnion Credit: ucingo: 0861 48 24 82;

15.6.3. i-Experian Credit Bureau: ucingo: 0861 10 56 65.

15.7. Ungafaka nesikhalo enhlanganweni elawula ukuhlinzekwa kwezikweletu, iNational Credit Regulator ngokuyishayela ku: 0860 627 627 noma uxhumane neNational Credit Tribunal.

16. okunye

16.1. Sizogada futhi siqophe njalo uma sikhuluma nawe ocingweni.

16.2. Ungaqinisekisa ukuthi imigomo nemibandela nezincazelo nemiphumela yalesi sivumelwano yethuliwe futhi yachazwa kuwe ngolimi oluqondayo. Ingozini ehambisana nalesi sivumelwano namalungelo akho nokuqondene nawe, nakho uchazeliwe.

16.3. Uma ushade umshado ohlanganisa amafa, uyaqinisekisa ukuthi uyitholile imvume yoshade naye ukuvula le-akhawunti nokwamukela uma sikukhuphulela imali esikuboleka yona nemali esingakuboleka yona ngokwale-akhawunti.

16.4. Sivumelekile noma ngabe nini ukudlulisela onke amalungelo ethu ngokwalesi sivumelwano komunye umuntu.

16.5. Ngeke sithwale cala noma izindleko ngokulahlekelwa noma ngokulimala kwakho noma komunye umuntu ngokufaka kwakho isicelo mayelana nalesi sivumelwano.

16.6. Uma singakwazi ukugcina umbandela othize mayelana nalesi sivumelwano, ngeke lokho kuthinte yonke eminye imibandela yalesi sivumelwano.

16.7. Ukuze samukeleke futhi sisibophezele, futhi ngaphandle uma ushintsho lwenziwa ngokusho koMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu, nanoma ngabe yiluphi ushintsho oluzokwenziwa kulesi sivumelwano kumele lubhalwe phansi noma luqoshwe ngocingo bese luyaqinisekiswa ngokubhala phansi. Nokho, singakwazi ukuthi nanoma ngabe yinini sibuyekeze noma sishintshe imigomo nemibandela kodwa uma senze njalo, akusho ukushintshwa kwesivumelwano, igunya lakho lokuthenga noma isikweletu sakho (okusho ukuthi akunasivumelwano esisha).

16.8. Isitatimende esandulela isivumelwano, imali okulinganiselwe ukuthi uzoyikhokha nale migomo nemibandela konke kuyingxenye yesivumelwano esiphakathi kwakho nathi mayelana nesikweletu esikunika sona futhi lokhu kulawulwa futhi kuhambisana nemithetho yaseNingizimu Afrika.

16.9. Unelungelo lokungafakwa:

16.9.1. emikhankasweni yokukudayisela eyenziwa ngocingo yenzelwa thina;

16.9.2. ekukhangiselweni noma ohlwini lwamakhasimende oludayiswa noma lusatshalaliswe yithi ngale kokushiwo wuMthetho wokuHlinzeka ngesiKweletu; noma

16.9.3. ohlwini lwabathunyelelwa ama-email nama-SMS.

17. iselula

17.1. Sicela ubheke imigomo nemibandela mayelana nemikhiqizo yethu yamaselula.

17.2. Okunye:

17.2.1. Amakhasimende avula ama-akhawunti amasha angathenga iselula eyodwa uma eqala ukuthenga.

17.2.2. I-akhawunti yekhasimende ivunyelwe ukuthenga iselula eyodwa noma okobuchwepheshe okukodwa uma eqala ukuthenga iselula

17.2.3. Lo mbandela uyaphela emva kwezinyanga eziwu-3.

18. umthetho wokuVikelwa kwemiNiningwane yoMuntu (i-POPIA)

18.1 Ngokwe migomo ye-POPIA:

18.1.1 Sizibophezele ukuvikela imininingwane yakho (“i-PI”)

18.1.2 Imininingwane yakho siyayiqoqa, siyibeke siyisebenzise ngendlela efanele ehambiselana neNqubomgomo yobuMfihlo yethu etholakala ku- https://www.mrpricegroup.com/mr-price-group-privacy-policy.aspx.

18.2 Uma unezikhalazo ezithinta iNqubomgomo yobuMfihlo yethu noma indlela esiqoqa, esibeka noma esisebenzisa ngayo imininingwane yakho, ungathumela i-email ku- privacy@mrpg.com.

ikhona imibuzo?

Sithinte ku-**0861 066 639**
Sithumelele i-email **newacc@mrpg.com**
Vakashela ku-**mrpricemoney.com**
Ukuze uvulelwe i-akhawunti, gcwalisa yonke imininingwane engemuva kwaleli fomu, ufake nenombolo yakho yomazisi icace kahle kuwona wonke amakhasi.

thumela:

- ngo-WhatsApp ku-**084 4844 848**
- nge-emali ku-**newacc@mrpg.com**
- nge-fax ku-**031 328 4790**
- wahambise kunoma yisiphi isitolo sakwa**Mr Price**